SIKHULEKELA

Insindiso

IsiZulu

Jesu—ayikho insindiso ngomunye, ngokuba UNkulunkulu akekho omunye umuntu emhlabeni wonke asinike yena ongasisindisa ezonweni (Zenzo 4:12)!

Kulenyanga siyanxusa ku Baba wethu ukuba athumele insindiso yakhe. Njengoba sisathandaza umthandazo oqondene nokucela ukusindiswa kwezizwe eziningi kuleli khalenda, sikhala kuwe Nkulunkulu ukuba uvule amehlo alabo abazimpumputhe kwamoya, aphinde avuse labo abangenandaba nezinto zika Nkulunkulu, sigqugquzele labo abadangele, asisindise kubugqila bokwesaba, akhulise ukholo lwethu aphinde asikhulule.

Isipho esikhulu sika Nkulunkulu sensindiso siyimpendulo kwinkinga yethu yezono kanye neyokuqhelelana noNkulunkulu. Ubulungiswa bakhe bugcizelela ukuthi kujeziswe isono, kodwa bona lobu bulungiswa baneliseka ngomhlatshelo wokufa kuka Jesu endaweni yethu. Ukufa kuka Jesu kwathenga ukuxolelwa kanye nenkululeko yabo bonke abakholwayo. Njengoba uPawulu ememezela, "Wasisindisa, kungengamisebenzi yokulunga esayenzayo, kepha ngokwesihawu sakhe. Sahlanzwa izono zethu, senziwa saba basha, wasinikeza impilo entsha ngoMoya oNgcwele" (Thithu 3:4–6).

Isipho esimangalisa kangaka! Celani eNkosini insindiso yabathandiweyo benu, abolahleko, omakhelwane kanye nabangani, nesizwe senu. Thandazani ukuba baphenduke ezonweni zabo futhi nicele ngokukholwa kuMsindisi wethu omkhulu! Kodwa uNkulunkulu akagcini ngokusisindisa—ufuna ubudlelwano bethu naye bukhiqize impilo enjenge yakhe, lapho inkululeko ikapakela kuzo zonke izinxenye zempilo yethu.

Esikhathini esiningi sizithola sona siqondile, silwisana nemicabango okanye sizizwa sicindezelekile futhi sidangele. Izwi lakhe liyasikhombisa ukuthi singakubalekela kanjani ukungakholwa, nezinkanuko zezwe nokuthi singayiphila kanjani impilo egcwele uNkulunkulu, nempilo emdumisayo uNkulunkulu (Thithu 2:11–14). Kunamandla egameni lika Jesu okuphula wonke amaketanga asibophileyo. Nikela kuNkulunkulu inhliziyo yakho eyaphukileyo kanye nobudlelwano bakho obuphukileyo. Ncika ekumlaleleni yena. Vumela insindiso yakhe ikapakele kuyo yonke impilo yakho - ungazibambi ku Nkulunkulu—mvumele athole uqobo lwakho lonke. Sibheka kuNkulunkulu wethu osisindisayo aphinde asigcwalise nge ntokozo njengoba sizinikela kuye.

UJEHOVA usekhona! Malidunyiswe IDWALA lami! Makaphakanyiswe uNkulunkulu wensindiso yami. AmaHubo 18:46.

TWR Abesifazane Abanethemba Africa • P O Box 4232, Kempton Park, 1620, South Africa • +27 11 974 2886 • info@twrwomenofhopeafrica.org • twrwomenofhopeafrica.org

1. Baba, ungenza izinhliziyo zabangakholwa abalalela izinhlelo Zabesifazane be Themba e Indonesia nase Javanese ukuthi bangalangazeleli ulwazi lwempilo oluphathekayo kuphela kodwa baphinde bajabulele ingxenye kamoya, okuyilokho uthando luka uJesu oluvela ngakho?	**2.** Siyabonga, Nkulunkulu, ngokubusisa isiqalo sethu seqembu lomthandazo eSerbia. Siyathandaza ukuthi maduzane bazokwazi ukusakaza izinhlelo zabesifazane be Themba bavuselele izinhliziyo zabesifazane njenge mvula emhlabathini owomileyo.	**3.** Baba, ungaphilisa uphinde udonsele kuwe bonke abesifazane base Albania abathintekayo kushushumbiso bathole izinhlelo Zamagugu Afihliweyo kanye no msakazo welanga? Siyathandaza ukuthi bangalambela ukukwazi futhi baphinde bathole uthando lwakho.
4. O Nkosi, siyacela ukuthi ubize ugqugquzele abesifazane abasebasha ukuthi babambe iqhaza kwi TWR Abesifazane be Themba eFinland. Siyakudumisa ngamakhulu abesilisa kanye nabesifazane laphaya abazinikele kulomsebenzi.	**5.** Siyathandaza singabi namahloni ngenxa yevangeli, ngokuba lingamandla akho ensindiso kuwona wonke umuntu okholwayo. Sisize sikwazi ukukhuluma futhi siyiphile intshumayelo yevangeli ezimpilweni zethu (Rom.1:16).	**6.** Baba hambela ezinhliziyweni zama Krestu ase Ukraine bamukele izifiso nokubaluleka kwakho baphinde ukufinyelela emphakathini ngomyalezo wensindiso ngo Jesu Krestu.
7. Nkosi ethandekayo, gqugquzela abesifazane base Serbia babambelele ethembeni banganaki izimpilo zabo ezinzima kodwa babheke izindaba ezinhle zensindiso nezibusiso ezivela ngokufuna izinto zaphakade.	**8.** Siyathandaza abesifazane eAfrika bakhonze wena wedwa, Baba, bafundise baphinde bahambe inkambo yokuzinikela kubantwana babo. "Ungabi nabanye oNkulunkulu ngaphandle kwami" (Eksod.20:3)	**9.** Nkosi, siyathandaza abantu base France babuyele kuwe njenge mpendulo yazo zonke izinkinga zabo kunokuthi babhikishe emigwaqeni ngenxa yezinqumo zikahulumeni kanye nokukhathazeka nokuphelelwa amasimu ngenxa yesimo sezulu esishisayo nesomiso.
10. Siyathandaza abesifazane base Norway bangashintsha babalekele ukubanjwa umcebo kanye nokukhathazeka bafune wena kuqala. Bamba izinhliziyo zalabo abasukayo kukholo lwama Krestu babuyiselwe kubudlelwano nawe.	**11.** Baba, abesifazane abaningi kwizigodi zama Tamil banaka ubuthakathi, imilingo yobumnyama kanye nezinkolelo-ze. Ungavula amehlo abo baqonde ngolwazi olusindisayo luka Jesu Krestu baphinde bakhululwe!	**12.** Siyacela, Nkosi, ukhulise isibalo samaqembu athandazayo e TWR Abesifazane be Themba eGermany bazibandakanye nokuthandaza nokushumayela kwabokufika abahlala khona.
13. Siyathandaza abantu baqonde ukuthi sisindiswe ngomusa ngokukholwa, futhi lokhu akukona okwethu okanye imisebenzi yethu, kodwa isipho sakho wedwa, O Nkosi! (Efesu 2:8-9).	**14.** Nkosi ungasenzela ubungani obuqotho phakathi kwama Krestu ase South Korea kanye nababaleki base North eKorea njengabantwana bakho babelane uthando luka Jesu futhi bahlangabezane nezidingo zalabadingiswa.	**15.** Sithandazela insindiso yabo bonke abesifazane ezimpilweni zethu, Baba, siyacela wenze ukukholwa ezinhliziyweni zabo lapho sisabaletha phambi kwakho ngomthandazo ongaphazamiseki.
16. Nkulunkulu, siyathandaza abesilisa kanye nabesifazane bangancikisa impilo yabo ku Jesu Krestu, ngokuba lapho benza njalo, benziwa basha. Okudala kudlulile, bheka sekuvela okusha! (2Korint. 5:17).	**17.** Yelula isandla, Baba, kubantu base Finland abafuna isisekelo sesizathu sempilo; sengathi bangakuthola. Qinisa amakholwa abe ngofakazi abaqinile bakho futhi bahambe ngokwezwi lakho.	**18.** Nkosi, siyathokoza ngokuthi uyayisebenzisa i TWR Abesifazane be Themba ukuveza uthando lwakho kwabesifazane emhlabeni wonke. Ungavula eminye iminyango kwabesifazane base Canada ukuze bakhulume ngothando luka Krestu?
19. Nkosi, ungaletha yini insindiso kanye nokukuqondisisa kwabesifazane ababoshiweyo eRomania abazodlala okanye babukele umdlalo ka khisimusi we TWR Abesifazane be Themba ozodlala emajele?	**20.** Nkulunkulu, ungaqala yini amaqembu omthandazo we TWR Abesifazane be Themba abaqhamuka kuzona zonke izizwe eSweden! Bagqugquzele futhi wenze wonke amaqembu afinyelele kwabesifazane ngegama lika Jesu.	**21.** Baba, siyathandaza abesilisa nabesifazane banga kholwa ku Jesu, ngokuba noma ubani okholwayo akasoze abhubha kodwa abe nokuphila okuphakade. Siyabonga ngothando lwakho kanye nesipho esingu Jesu, umsindisi wethu (Johane 3:16).
22. Amehlo ethu abheke kuwe ngalesikhathi sika Khisimusi, Nkosi, njengoba sithandazela insindiso ukuba ifike kwabangakholwa besa gxila kwindaba ka Nkulunkulu eza emhlabeni ngesimo somuntu.	**23.** Baba, sithandazela ababaleki benkolo yama Muslim eGermany ukuthi bazane no Krestu njengo Msindisi futhi bazihlanganise nezinhlelo za besifazane be Themba kwezoxhumano.	**24.** Nkosi, siyathandaza abesifazane base Afrika balamukele iqiniso lakho futhi banikele izimpilo zabo kuwe wedwa, bazothola ukukhululwa ngokwesaba ukuzibandakanya nezinye izinkolo.
25. Baba, siyathandaza abantu baqonde ukuthi uJesu uyindlela, neqiniso kanye nokuphila futhi akekho ongeza kuwe ngaphandle kwe Ndodana. (Johane 14:6)	**26.** Jesu, siyasho ukuthi ayikho insindiso ngomunye! Nkulunkulu alikho elinye igama elinikeziwe phansi kwezulu esimelwe ukusindiswa ngalo. (Zenzo 4:12).	**27.** Baba, hambela izinhliziyo kanye nezingqondo zabesifazane e Switzerland ukuze bathande futhi bavikele abantwana babo abangakazalwa babone ukubaluleka kwempilo oyenzile.
28. Siyabonga, Nkulunkulu, ngabalalela Abesifazane be Themba ePortugal. Vula amehlo abo babone isidingo sakho ezimpilweni zabo futhi bamukele uJesu Krestu njengo Msindisi wabo.	**29.** Baba, wena wedwa uyidwala kanye nensindiso yethu, uyinqaba yethu futhi asiyikunyakaziswa! (Amah. 62:2).	**30.** Ungavusa ngokukamoya, Nkulunkulu, labo abase Germany asebelibele izimpande zabo zobu Krestu? Phefumulela ukuphila kwakho kulesisizwe.
31. Baba, siyakhuleka abesilisa nabesifazane bakholwe egameni lakho bakwamukele ezimpilweni zabo, ukuze ubaphe amandla okuba amadodana namadodakazi akho (John 1: 12).		